



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
ENKONZWENI YESIKHUMBUZO ENGWAVUMA MHLAKA 31 JANUARY 2008**

Ngibanibingelela nonke

- Ukuhlangana kwalolu hlobo, kuba ngeminye yemizuzu ebuhlungu kakhulu kithina njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.
- NgeSonto eledlule besihambele inkonzo yomngcwabo eMariannahill wabantu abayisithupha kwabangu-11 abashone engozini yomgwaqo phakathi koLundi neMelmoth, ngenkathi umshayeli weveni engakwenzi okufanele. Lowo mshayeli waxwayiswa ngendlela ayeshayela budedengu ngayo kodwa wangalalela. Wagcina ngokubulala abantu abangu-11 kuhlenganisa naye.
- Uma ngikhuluma ngabantu abayisithupha ngikhuluma ngamalungu omndeni impilo yawo ecekeleke phansi kungenasidingo nesincane. Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni.

- Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqalise ngemikhankaso yezokuphepha ngaphansi kwesiqubulo esithi “Yenza Okufanele, Just do Right”. Lesi siqubulo sethu sihambisana nenkolelo yethu yokuthi okusempeleni izingozi zibangelwa yiphutha lomuntu futhi zisuke zingagwemeka.
- Ngihlale ngikhathazwa kakhulu yimithetho yethu ebonakala ithambe kakhulu. Ngikhathazwa kakhulu ngukuthi umuntu angaphuza kanjani utshwala bugcwale isisu bese engena emotweni abulale abantu abangenacala kodwa abekwe icala lokubulala ngokungenhloso. Uma ushayela udakiwe e-Australia kuthiwa uyisiwula nje awubhadlile ekhanda (you are a bloody idiot).
- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiya ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.

- Ngithanda ukuxwayisa okhanda limtshelokwakhe emgwaqeni ukuthi izinto zizoshintsha kakhulu kulo nyaka. Njengoba sigubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.

- Sizocalisa nangohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.

- Sifisa ukududuza imindeni yalaba abasishiyile:
 - Godfrey Bhaqwa (50)
 - Londekile Mngomezulu (40 years)
 - Nozipho Mbokazi (43 years)
 - Phumelele Shandu (45 years)
 - Alex Mhlongo (40 years)

- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima.

- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu, uma sibambisana siqaphele indlela esenza ngayo izinto. Njengabashayeli kumele siqaphele ikakhulukazi uma siphethe eminye imiphefumulo yabantu. Njengabagibeli kumele sihlale siqwashile ukuthi sihamba ngokuphepha nangokusemthethweni, singazifaki ezimweni eziholela ekuhlukumezekeni. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.